



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

AMAMAKI

## UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2014 IBANGA 2 ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA ISIVIVINYO

AMAMAKI: 30

ISIKHATHI: 1 IHORA

ISIFUNDAZWE \_\_\_\_\_

ISIFUNDA \_\_\_\_\_

ISIYINGI \_\_\_\_\_

IGAMA LESIKOLE \_\_\_\_\_

INOMBOLO YE-EMIS (9 amadijithi)

--	--	--	--	--	--	--	--	--

IKLASI (Isib. 2A) \_\_\_\_\_

ISIBONGO \_\_\_\_\_

IGAMA \_\_\_\_\_

UBULILI (✓)

UMFANA

INTOMBAZANE

USUKU LOKUZALWA

C	C	Y	Y	M	M	D	D
---	---	---	---	---	---	---	---

Lesi sivivinyo sinamakhasi ayi-13 ngaphandle kwekhava.


## Imiyalelo kuthisha:

1. Fundela abafundi umbuzo ngamunye ungasheshi futhi uzwakale kahle.
2. Funda okungenani kabili, ngenkathi abafundi befunda belandela ezincwadini zabo.
3. Banike isikhathi sokubhala izimpendulo ngokwabo, ezikhaleni ezinikeziwe.
4. Wonke umsebenzi mawenziwe emaphepheni okuphendulela.
5. Uma sebeqedile, qhubeka ufunde umbuzo olandelayo.
6. Landela inqubo efanayo kuze kufike embuzweni wokugcina.
7. Isamba samamaki esivivinyo singama-30.
8. Ubude besivivinyo buyimizuzu engama-60.
9. Yenza umsebenzi wokuzilungiselela nabafundi.

## I. Imisebenzi yokuzilungiselela

Kokelezela uhlamvu oluhambisana nesithombe.


Le ...



A	B	C	D
ikati.	inkomo.	isikhukhukazi.	inja.

2. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Le ...



imbuzi.	
imvu.	
inja.	
inkomo.	x


Kulesi sivivinyo uzophendula imibuzo efana nalena oqeda ukuyiphendula ngenhla.

Isivivinyo siqala ekhasini elilandelayo.

I. Buka isithombe esingezansi.

I.I Kokelezela uhlamvu olunempendulo et'anele.

Lesi ...



- A isitolo.
- B isitsha.
- C isicathulo.
- D isitini.

I.2 Khetha igama elifanele emabhokisini angezansi.

Bhala igama elihambisana nesithombe emgqeni.

ibhasi	ibhubesi	ibhola	ubhavu
--------	----------	--------	--------



.....

1.3 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.

Imoto ...amane.

A inamasongo

B inamasondo

C inamasonto

D inamasango

Funda indaba engezansi bese uphendula imibuzo 2-8 elandelayo.

Isikole samabanga aphansi iShabalala sisingatha umdlalo webhola lezinyawo lezikole zonke zamabanga aphansi. Amantombazane nabafana bebanga lesibili bakujabulela kakhulu lokhu.

Umqeqeshi ubaqeqesha nsuku zonke abafundi. Umqeqeshi ushaya impempe. Umfundi ngamunye kumele agijimele ngaphezulu nangaphansi kwesondo. Agxumele phezu kwendunduma yesihlabathi bese ehlala esihlalweni. Uzobe esemncoma umqeqeshi athi "Wenze kahle!"

Abafundi besikole samabanga aphansi iShabalala baphuma phambili emdlalweni webhola lezinyawo. Ukuzikhandla kwabo nsuku zonke kwabaphumelelisa. Babe jabule kakhulu ukuthola indebe enkulu.

Abafundi babe sebethola izidlo ezimnandi esitolo sesikole. Umqeqeshi wabapha amashibusi, ushizi, iziphuzo zezithelo nesinkwa.

2. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Isihloko esifanele indaba ...

Umdlalo wethenisi.	
Umdlalo wekhilikithi.	
Umdlalo webhola lezinyawo.	
Umdlalo webhola lomnqakiswa.	

3. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Ubani oqeqesha abafundi nsuku zonke?

Abafana.	
Amantombazane.	
Uthisha omkhulu.	
Umqeqeshi.	

4. Qedela umusho.

Isikole samabanga aphantsi i..... sasingatha imidlalo yebhola lezinyawo.

5. Khombisa ukulandelana kwezigameko endabeni.  
Sebenzisa izinombolo 1-4 ukuveza ukulandelana kwemisho.

Abafundi bathola izidlo ezimnandi.	
Isikole iShabalala saphumelela emdlalweni webhola lezinyawo.	
Isikole samabanga aphansi iShabalala sasingatha umdlalo webhola lezinyawo.	
Umqeqeshi wabaqeqesha abafundi nsukuzonke.	

6. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.  
Abantwana baphumelela umdlalo ngoba ...

bebeziqeqesha nsuku zonke.	
babengenaye umqeqeshi.	
abantwana babedayisa izinkukhu.	
abakwazi ukugi jima.	

7. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.  
Amantombazane nabafana babe jabule kakhulu ngoba...

babeziqeqesha nsuku zonke.	
baphumelela bathola indebe enkulu.	
umqeqeshi wabasiza.	
abazitholanga izidlo ezimnandi esikoleni.	

8. Phendula imibuzo elandelayo.

Bhala izimpendulo emigqeni.

- 8.1 Yini oyithandile noma ongayithandanga ngale ndaba?

.....

- 8.2 Nikeza isizathu sempendulo yakho engenhla.

.....

9. Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.

Iliphi igama elisho okufanayo nokuthi isitulo?

- A isicephu
- B isithombe
- C isihlalo
- D isibuko



10. Bhala impendulo efanele emgqeni.

Igama eliphikisana nelithi kukhulu elithi .....

11. Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.

11.1 Indaba esabisayo ikwenza u...phe kabi.

A bhu

B khu

C phu

D shu

11.2 Baphumelela emdlalweni webhola lezi...wo.

A nya
















B nsa

C nga

D nja

12. Buka igraf u bese uphendula imibuzo engezansi

IBanga 2 linendali yamakhekhe

5					
4					
3					
2					
1					
Izinsuku	uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu

12.1 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele. Yiluphi usuku okwadayiswa ngalo amakhekhe amaningi kakhulu?

- A uMsombuluko
- B uLwesibili
- C uLwesithathu
- D uLwesine

12.2 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele. Yiluphi usuku okwadayiswa ngalo amakhekhe ambalwa kakhulu?

- A uMsombuluko
- B uLwesibili
- C uLwesithathu
- D uLwesine

12.3 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.  
Yiliphi ibanga elalidayisa amakhekhe?

A 3

B 4

C 1

D 2

13. Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele ukuqedela umusho.  
Umqeqeshi wasiza iqembu ...

A zaso.

B zabo.

C lethu.

D wakhe.

14. Phinda ubhale imisho elandelayo ikhombe inkathi.

Qala ngamagama owanikeziwe.

14.1 UNomusa uya esikoleni.

Izolo .....

14.2 UThemba ufunda incwadi.

Kusasa .....

15. Phinda ubhale imisho elandelayo.

15.1 Faka izimpawu zokuloba/zokukhanyisa ezimbili ezifanele emshweni olandelayo.

UBongi udla inyama izithelo kanye nemifino masonto onke

.....

15.2 Faka uphawu olulodwa lokuloba/lokukhanyisa olufanele emushweni ongezansi.


Uyawuthanda umdlalo webhola lezinyawo na

.....

16. Ibizo igama lomuntu noma lento ethile.


Buka isithombe bese ufaka ibizo elifanele emushweni.

Usisi ubegqoke



..... ehle.

17. Bhala isigaba esinemisho emi-5-8 ngesithombe osinikeziwe ngezansi.



A large rectangular box containing 18 horizontal dotted lines for writing.

ISAMBA: 30